MANDENI NEWS
SPECIAL EDITION
MANDENI LOCAL MUNICIPALITY NEWSLETTER
WWW.MANDENI.GOV.ZA


# 67 MINUTES OF NELSON MANDELA DAY - KUVAKASHELWE IZINHLANGANO EZISIZA UMPHAKATHI



UMasipala wase Mandeni, ngokubambisana no Masipala wesifunda iLembe District Municipality, babesemkhankasweni wokubungaza usuku lwalowo owayengu Mongameli wokuqala wentando yeningi uNelson Mandela ngokuhambela izikhungo ezingenzi-inzuzo ezisebenzela umphakathi.

**ISIGABA SOKUQALA** - Kuhanjelwe isikhungo, Abelimo Old Age Home, eNembe ngaphansi kuka Ward 05. Lapha, abaholi baka Masipala wase Mandeni nabaholi besifunda iLembe, bafase amabhuzi, bafinqa imikhono behlanza lesisikhungo baphinde banikela ngezinsiza zokuhlanza, ukuziphilisa Kanye nokuhlinzeka ngezithombo ukugqugquzela usiko lokudla ukudla okunempilo.

**ISIGABA SESIBILI** - Lelithimba ebeliholwa ngu Meya uKhansela Thabani Mdlalose Kanye no Meya we Lembe uKhansela Thobani Shandu, bahambela isikhungo iHambavangeli eku Ward 08, eMacambini. Usuku lusongwe kulesisikhungo esilekelela izintandane ngokudla, izimpahla zokugqoka kanye nokuzicijela amakhono ahlukene. Lapha, kunikelwe ngezinsiza zokulekelela ukusebenza kwalesisikhungo kwansukuzonke kanye nokuphucula indlela izakhiwo ezibukeka ngayo



# UMASIPALA NOXHASO KOSOMABHIZINISI BASE MANDENI





UMasipala wase Mandeni udlulisele uxhaso lwama QuickWins kosomabhizinisi abangu-72 bokuqala kwabangu 150 abahlomulile kuloluhlelo.

Lena i-Group yokuqala kulabo ababefake izicelo ngo August wonyaka odlule. UMeya womkhandlu wase Mandeni, uKhansela Thabani Mdlalose unxuse labo abahlomulile kuloluhlelo ukuthi baqhubeke nokuzimisela emkhakheni wezebhizinisi ukulekelela ukukhanda amathuba emisebenzi.

"Ngaphezulu kokuhlinzeka ngezinsiza, sinazo izinhlelo zokuthekela ulwazi eningaqhubeka nifake izicelo zokuba ingxenye yazo. Lokhu sikwenzela ukuthi uma sesikulekelele ukusimamisa ibhizinisi lakho, ubenalo ulwazi lokuqinisekisa ukuthi liyadlondlobala likwazi nokudala amathuba emisebenzi"

"Sinalo nohlelo lokunxenxa izinkampani nosomabhizinisi abahlukene ukuthi basebenzisane nosomabhizinisi abancane ukuze bezokwazi ukuba nesipiliyoni kanye ne makethe yomsebenzi yabo" kubeka uMdlalose.

Phakathi kwezinsiza ezidluliselwe ko somabhizinisi, singaba imishini yokugunda utshani, eyokusika izihlahla, imishini yokuthunga, imishini yoku-printer, ama- generator, izitofu, amabhodwe, amatende, water pumps, nokunye okuningi. UMnyango wezokuxhaswa kwamabhizinisi amancane ngaphansi kuka Masipala wase Mandeni, uyaqhubeka nokuhlonza abazohlomula esigabeni sesibili saloluhlelo. Ukubheka ibanga eselihanjiwe isicelo sakho, ungaxhumana nehhovisi lakwa Local Economic Development ku **0324568272.**

# UBE IMPUMELELO OWOKUCHOMA OLWEGWALAGWALA ABEZEMIDLALO

UMasipala wase Mandeni usingathe ngempumelelo umcimbi wama Sports Gala Dinner obanjelwe eSibusisiwe Hall.

Lomcimbi, oqondaniswe nemibungazo yenyanga abantu abasha, bekuhloswe ngawo ukuchoma uphaphe lwegwalagwala abantu, izinhlangano Kanye namaqembu abeka i- Mandeni ebalazweni kwezemidlalo.









# KUCEBISWE INTSHA NGAMATHUBA KWEZOLIMO

UMasipala wase Mandeni, usingathe izigcawu ze Youth For Agriculture, eMacambini Multipurpose Hall kanye nase Sikhonyane Tribal Court, eNdulinde

Inhloso yalezigcawu ukucobelela ngolwazi ngomkhakha wezolimo ukulekelela abantu abasha ukuthi bazithuthukise kulomkhakha.

Lesisigcawu sibuye sisetshenziswe njengesizinda sokufundisa nge-Food Security, ukugqugquzela ukuvikelwa kwemvelo nokugwema imililo yequbula nokunye okuningi okuhlobene nemvelo.

Phakathi kwezinhlaka ebeziyingxenye yokudlulisea kolwazi singabala UMnyango wezolimo, UMnyango wamahlathi, ukudoba nezemvelo, abakwa Enterprise iLembe Kanye nezinhlangano ezizimele ezisebenza ngezolimo.

Okubalulekayo okufundwayo lapha, ukwenza ibhizinisi ngezolimo, ukusinga uxhaso, ukungena ezimakethe, ukuthola izimvume zokuhweba kanye nokunye okuningi.





**Lesisigcawu sibuye sisetshenziswe njengesizinda sokufundisa nge-Food Security**



# UMASIPALA WASE MANDENI NEMICIMBI YOKUBUNGAZA ABANTU BESILISA NABESIFAZANE





UMasipala wase Mandeni usingathe ngempumelelo imicimbi emibili yokubungaza abantu besilisa Kanye nomcimbi wabantu besifazane. Umcimbi we Women of Faith Seminar ububanjelwe eSibusisiwe Hall. Lapha bekuhlangene abantu besifazane bamahlelo ezenkolo ahlukene, inhloso bekuwukubhunga ngezingqinamba zabantu besifazane abasohambweni lukamoya Kanye nokubahlomisa ngolwazi lokuzithuthukisa ngokwempilo jikelele.

Umcimbi we Men's Conference wona ubanjelwe eZinkwazi Lagoon, namhlanje bekuwusuku lokuqala lwasisigcawu sokuvuselela iqunga lobudoda emadodeni Kanye nokuwaluleka ngempilo. Usuku lwesibili luzoba ngoLwesihlanu, mhlaka 08 August 2025.

Enkulumweni ekhethekile, uMeya womkhandlu wase Mandeni, uKhansela Thabani Mdlalose uveze ukubaluleka kokunikeza abantu besilisa Kanye nabesifazane izizinda zokukhuluma ngezinto ababhekana nazo. UMeya ubalule lokhu njengengxathu elisemqoka lokulwisana nesihlava sokuhlukumezana ngokobulili Kanye nokwakha amakhaya nemiphakathi enozinzo.




Siphila esikhathini lapho kukuningi esibhekana nakho empilweni nokwenza singabi naso isikhathi sokubhodla ngezinto ezahlukene. Njengoba sinesigcawu sabesifazane bezenkolo nje, kunezinto zabo abangeke bazixoxa nomunye omuntu ezidinga bona ngqo, lapha nje kuphinde kwaba nama commissions abehlukanisa nabesifazane abangabafelokazi, abashadile Kanye nabangekho ebudlelwaneni, konke lokhu inhloso yakho ukubhekana ngqo nomnyombo wezingqinamba zabo bebodwa" "Emcimbini wamadoda, nakhona sivulele isigcawu sokuthi amadoda akhulume ewodwa, ecebisane ngezinto ezahlukene esingabala kuzo ukuphathwa kwemali, ukuphathwa kwekhaya nokunye okuningi" kuqhuba uMdlalose.

## BAKHUNJULWE NGEZINSIZA EZAHLUKENE ABANTU ABASHA KUBUNGAZWA INYANGA YABO



UMasipala wase Mandeni uqhubekile nokuba ngomunye woMasipala abahamba phambili ngokubeka intsha eqhulwini. nanka amazwibela okwenzekile ngalenyanga yabantu abasha.

**YOUTH ENTERPRISE PARK**

- Kudluliselwe okhiye kosomabhizinisi abangu-14 ukuqinisekisa ukuthi basondezwa ku makhasimende Kanye nokuzithuthukisa kulomkhakha. Laba okhiye besizinda samabhizinisi eYouth Enterprise Park.

**YOUTH OFFICE OUTREACH MOBILE BUS** - Kwethulwe ibhasi eliyihhovisi elingumahamba-nendlwana labantu abasha. Inhloso yalo ukusondezela intsha izinsiza ezindaweni ehlala kuzo, Nalapho kuqhelelene khona nehhovisi elijwayelekile. Phakathi kwezinsiza ezizotholakala, singabala ukufaka izicelo ezikhungweni zemfundo ephakeme, ukufaka izicelo zemsebenzi, internet, Kanye nokunye okuningi.



**EQUIPMENT HANDOVER**

- UMasipala unikele ngomshini wenani lika R56 000 ku somabhizinisi uSithabiso Mthembu owalinyalelwa ngu mshini wokusebenza esigamekweni somlilo. Lomshini uzolekelela ukuthi aqhubeke ngokusebenza ngoku engraver, leli bhizinisi liphethwe nguyena njengo muntu omusha wase Mandeni, lisebenza kakhulu no Masincwabisane abahlukene esifundeni iLembe.

## LEADING BY EXAMPLE - UKUTSHALA KUYIMPILO



Njengengxenye yokubungaza inyanga yabantu besifazane, ubuholi buka Masipala wase Mandeni, buholwa ngu Khansela Thabani Mdlalose, bufinqe imikhono banikela ezingadini zase e80, KwaHlomendlini ngenhloso yokunikela ngezinsiza zase zingadini komama bakulendawo kanye nabanye basezigcemeni ezingaphansi kwalo Masipala.

Usuku lusongwe ngokunikela ngezinsiza kusebenza kanye nokufundisa ngezindlela zesimanje zokuqinisekisa ukuthi imkhiqizo yabo isezingeni elifanele. Lokhu kuyingxenye yokugqugquzela amalunga omphakathi ukutshala kanye nokudla ukudla okunempilo. Izinhlelo zosuku zenziwe ngokubambisana nomnyango wezolimo.

KYOKUSHIN KARATE CAPE TOWN DOJO

# 2025 SOUTH AFRICA KYOKUSHINKAIKAN NATIONAL CHAMPIONS



"Spirit first, technique second."
– Gichin Funakoshi

## DAY ONE DELIVERS AT THE 2025 KYOKUSHINKAIKAN NATIONAL CHAMPIONSHIPS

Day one of two in the 2025 South African Kyokushinkaikan National Championship delivered as expected. Karatekas took to the mat and displayed the true spirit of karate, sportsmanship and talent.

**CATEGORIES FOR DAY ONE:**

- KATAS
- CLICKER
- SEMI CONTACT
- JUNIOR FULL CONTACT



"KARATE AIMS TO BUILD CHARACTER, IMPROVE HUMAN BEHAVIOR, AND CULTIVATE MODESTY; IT DOES NOT, HOWEVER, GUARANTEE IT."
–YASUHIRO KONISHI

**DAY ONE**

Mayor of Mandeni Local Municipality, Cllr. Thabani Mdlalose with Shihan Kenny Uytenbogaardt (8th Dan)

## DIGNITARIES GRACE DAY ONE OF THE TOURNAMENT

**Shihan Kenny Uytenbogaardt:**
Shihan Kenny Uytenbogaardt (8th Dan), Chairman of I.K.O Africa, IKO International Committee Member, began his karate journey in 1965, initially training in Goju-Ryu Karate. In 1966, he transitioned to Kyokushin Karate at the Sea Point Dojo under the guidance of Shihan Len Barnes. In 1981, he secured a Gold Medal at the SA Games for non-contact Karate and retired undefeated as the SA Kyokushin Open Champion in both contact and non-contact divisions—a title he held for five consecutive years!

**Thabani Mdlalose:**
Cllr. Thabani Mdlalose - Mandeni Mayor Mdlalose is a 4th Dan Black Belt, his love for the sport and transcends just the mat and the iconic white gear. He lives by the ethics and philosophical principles of the sport on a daily basis










Images from day one of the 2025 kyokushinkaikan national championship








NEWS TEAM: CHIEF EDITOR: MR. SIZWE KHUZWAYO, EDITOR: MR. MDUDUZI MANZI, CONTENT AND PHOTOGRAPHY: MARVELLOUS ZONDI, NHLAHLA MTHEMBU & THOBEKA BELE